**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (40) |

2. Abahlolwayo mabafundisise yonke imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo.

3. Mabaphendule YONKE imibuzo ekuleli phepha.

4. Mabaqalise isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese bedweba umugqa emva kwaleso siqephu.

5. Mababhale izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe embuzweni.

6. Mabashiye umugqa emva kombuzo ngamunye.

7. Mababhale ngobunono nangesandla esifundekayo.

8. Abahlolwayo mabaqaphele upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

### UMBUZO 1

1.1 Fundisisa lesi siqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

**IZINGANE EZIHLALA EZITALADINI**

Izingane ezihlala ezitaladini (street kids) ziyinkinga yethu sonke. Emadolobheni lezi zingane ziningi kakhulu futhi zibonakala noma kuphi zigqoke izingubo ezingcolile. Lezi zingane zibizwa ngezingane zasesitaladini ngoba zihlala khona futhi ziphinde zihlale nasezindaweni zokupaka izimoto. Isimo sezulu yisona esishoyo ukuthi zingalala kuphi. Uma uzibuka ungacabanga ukuthi ukubanda kosimende azikuzwa ngesikhathi sasebusika njengoba uzithola zilele phansi. Uma wedlula zilele ungacabanga ukuthi sezifile kanti zidla obudala ubuthongo lobu. Okumangalisayo ukuthi manje sekukhona nezamantombazane nazo esezihlala ezitaladini.

Ezinye uzibona zigqoke amapulastiki zibuye ziphathe amabhodlelana amapulastiki ahlala njalo esemlonyeni okwengane incela idamu. Kula mabhodlela amapulastiki kusuke kukhona i-glue. Zibhema yona phela, ungaze ucabange ukuthi iwukudla kwazo kwansuku zonke. Zikhona nezinye izidakamizwa ezizibhemayo. Phela kulezi zingane akulula ukuthola ukudla. Abantu abaningi abazizweli ngoba abazi ukuthi zixoshwa yini emakhaya azo. Ezinye zazo zibuye zibe nokuganga ezikwenza kulabo abahamba ngezimoto nalaba abahamba ngezinyawo emgwaqeni.

Kukhona abacabanga ukuthi ukuhlala kwalezi zingane emgwaqeni kwenziwa ubandlululo olwalukhona kuleli zwe, udlame emalokishini ethu, ukungaziphathi kahle kwabantu emphakathini kanye nokwehlukana kwemindeni. Akwaziwa-ke ukuthi yikuphi okuyiqiniso njengoba isibalo sezingane ezingondingasithebeni sikhula ngokukhulu ukushesha okunje. Amanye amadolobha azama ukulungisa lesi simo ngokuba abe nezindawo lapho kugcinwa khona lezi zingane. Eziningi zalezi zingane yilezo ezineminyaka ephakathi kweyi-12 kuya kweyi-16. Kubakhona nezinye ezineminyaka engaphansi kweyi-12. Kuthiwa izingane ezingaphansi kweminyaka eyi-12 ziyayilalela imithetho neziyalo kulezi zindawo ezigcinwa kuzo, kodwa lezo ezineminyaka engaphezu kwalokhu ziyishaya indiva imithetho futhi azihloniphi. Kufanele kube ngumsebenzi kaHulumeni ukulungisa le nkinga kodwa nomphakathi kufanele kube khona okwenzayo.

UMnyango WezeMpilo ukhathazeke kakhulu ngale nkinga. Wona lo mnyango ubiza imihlangano, umeme nezinhlangano ezizimele ukuba kuzanywe ezinye izinhlelo ezingalungisa le nkinga. Olunye uhlelo okuthiwa lungasiza ekulungiseni le nkinga ukufundisa lezi zingane imisebenzi yamakhono ukuze zithole imisebenzi kalula. Elinye isu/icebo ukuba kwakhiwe izindawo lapho zingahlala khona ukuze zifundiswe njengezinye izingane. Olunye uhlelo ukuthi kufunwe amakhaya azo. Okungaba yinkinga ukuthi ezinye azinawo amakhaya. Ukufuna abazali bazo kungaba yinkinga ngoba aziwazi namakheli azo. Kuthi noma sezitholelwe amakhaya lezo ezibe nenhlanhla, zibuye zibaleke zibuyele khona ezitaladini.

UMnyango wezeNhlalakahle uzama ukwenza izinhlelo (programmes) zokuthuthukisa amakhono alezi zingane ezihlala emgwaqeni. Lo Mnyango ufuna ukufundisa lezi zingane amathalente kwezemidlalo kanye nomculo.

Minyaka yonke lo Mnyango wenza umncintiswano (competition) lapho kumenywa khona izingane zasezitaladini kanye nalezo ezihlala emakhaya. Ngonyaka odlule ziyishumi izingane zasezitaladini ezithole ithuba lokuthuthukisa ithalente lazo kwezebhola lezinyawo eBrazil. Ezine zithole izikontileka (contracts) nenkampani yomculo u-Gallo Music ukuze zirekhode umculo eziziqambele wona. USechaba wodumo lomculo wokholo ungomunye wazo lezi zingane zasezitaladini owasizwa yilo Mnyango wezeNhlalakahle. Wamsiza ngokumtholela ikontileka yokurekhoda umculo wokholo kule nkampani yakwaGallo.

Kuyaye kujabulise kwesinye isikhathi uma kuzwakala ukuthi kukhona omunye obehlala esitaladini osephumelele empilweni. Abantu abanjengoSechaba kufanele basetshenziswe ukuthi babonise/bakhulume nalezi zingane. Lokhu kungasiza nazo zibone ukuthi noma zihlala ezitaladini kodwa impilo isengabuyela esimweni esejwayelekile. Phela sonke siyazi ukuthi kulula ukukholelwa enkulumweni yomuntu odlule esimweni esifana nesakho.

1.1.1 Zitholakalaphi izingane okukhulunywa ngazo endabeni? (1)

1.1.2 Yini lena ethandwa ukubhenywa yilezi zingane? (1)

1.1.3 Ngubani umculi wodumo owasizwa uMnyango wezeNhlalakahle? (1)

1.1.4 Bhala elinye igama lesiZulu elisendabeni elichaza izingane ezihlala ezitaladini? (1)

1.1.5 Kungani lezi zingane zidla izidakamizwa? (2)

1.1.6 Chaza lesi simo sokukhuluma: **'ukushaya indiva'**. (2)

1.1.7 Kwenziwa yini ukuthi abantu abahamba ngezimoto bangazithandi lezi zingane? (2)

1.1.8 Ngokucabanga kwakho kwenziwa yini ukuthi lezi zingane zigqoke amapulasitiki? (2)

1.1.9 Ngabe iqiniso noma umbono ukuthi impilo yezingane ezihlala ezitaladini ayisoze yashintsha? (2)

1.1.10 Kubukeka sengathi bukhulu ubungozi ezinganeni zamantombazane kunezabafana ezihlala ezitaladini. Uyavuma noma uyaphika? Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.11 Caphuna imisebenzi EMINE eyenziwa uMnyango wezeNhlalakahle kwelandelayo:

- Ukuthuthukisa ithalente lezemidlalo nomculo.
- Ukufundisa ngomsebenzi wamakhono.
- Ukuze bangakwazi ukuzimela.
- Ukusebenzisana nelizwe lase-Brazil.
- Ukubatholela amankontileka omculo.
- Ukwakhiwa kwezindawo lapho zingaqoqelwa khona.
- Ukusebenzisana nenkampani yakwa-Gallo Music. (4)

1.2 Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo elandelayo.



1.2.1 Yini esesikhwameni sentombazane ebelethe/etete ingane? Bhala **okubili**. (2)

1.2.2 Wena ucabanga ukuthi lo mama obelethe/otete ingane ukhombisani ngokuneka izandla? (2)

1.2.3 Isihlahla esithombeni sikhombisa siphi isikhathi sonyaka? Sekela impendulo yakho. (2)

1.2.4 Yimuphi obukeka emncane kunabo bonke abasesithombeni? Usho ngani? (2)

1.2.5 Ngokwalesi sithombe ucabanga ukuthi kungani le ngane ibelethiwe? (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2

Fundisisa lesi siqeshana bese usifingqa ngamagama akho aphakathi kwamagama angama-50 kuya kwangama-60. Fingqa ngamaphuzu ayisikhombisa.

**IZINGOZI EZINGABANGWA UKUSEBENZISA UPHARAFINI**

Upharafini yiwona osetshenziswa kakhulu emakhaya amaningi. Uyasetshenziswa lapho kuphekwa, kufudunyezwa ikhaya uma kumakhaza noma kubaswa umlilo. Okubuhlungu ngophalafini ukuthi iningi labantu aliqaphelisisi ngokusetshenziswa kwawo okugcina kudale izingozi ezinganeni.

Ukuphuza upharafini kubeka impilo yabantu engozini nsuku zonke lapha eNingizimu Afrika. Okubuhlungu kakhulu ukuthi ungaba yingozi uma ungagcinwa ngendlela efanele. Iningi labantu lifaka upharafini emabhodleleni odilinki noma obisi. Phela siyazi ukuthi abantu abaningi basebenzisa upharafini emizini yabo ngoba ugesi ubiza imali eningi. Lokhu kubeka impilo yabantu engozini.

Ziningi izingane eziphuza upharafini nsuku zonke. Lokhu kuzenza zigcine seziphethwe yisifo okuthiwa yi-chemical pneumonia. Ezinye aziphili, ziyafa ngenxa yokuphuza upharafini. Upharafini udayiswa ngezindlela ezingaphephile ngabanikazi bawo ngoba abanazo izinto zokuwufaka. Lokhu kwenza ukuthi umuntu uma eyowuthenga aziphathele eyakhe into yokuwufaka. Uma usuwuthengile kubalulekile ukuthi uwugcine endaweni ephephile lapho izingane zingeke ziwuthole khona.

Ukungabibikho kwamalebuli afundisa ngamakhemikhali afakwe kuwo yikhona okwandisa izingozi. Uma izingane ziwuphuzile unuka ngisho nasemizimbeni yazo. Ezinye ziba nezinkinga zokuphefumula bese ziphathwa isifuba somoya (asthma) zikhwehlele kakhulu. Lokhu kulimaza amaphaphu azo.

Akukhona ukuphuzwa kwawo nje kuphela okuyingozi kodwa nemizi iyasha ishiswa ukunganakekeli noma ukusetshenziswa kukapharafini ngendlela engeyona. Izingane ziyadlala ngawo zingazi ukuthi sezidlala ngomlilo. Zisuke zithi ziyapheka ziwuthele ezitofini emuva kwalokho zilayithe umentshisi. Izingane zisuke zingaboni ukuthi sewuchithekele phansi bese kusuka umlilo oshisa konke; umuzi, izimoto kanye nazo izingane uqobo.

Kusemqoka kakhulu ukuthi kuzo zonke izinto ezenziwayo nezithengwayo eziyingozi zigcinwe ngokunakekelwa okukhulu ukuze izingane zingangeni ezingozini ebezingavikeleka kuzo.

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3

3.1 Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo.

> Abantu abaningi bacabanga ukuthi bona badalelwe ukuba izahluleki abanye badalelwe impumelelo. Lo mcabango ulawula kakhulu impilo yabo. Uma ubhekisisa le nkulumo uyabona ukuthi ayilona iqiniso, kuphela yilokho umuntu akholelwa kukho. Ukuzimisela kokwenzayo, uyekele ukuba namanzi emadolweni kungaba nenkokhelo enkulu empilweni yakho.

3.1.1 Bhala amagama adwetshelwe emshweni olandelayo akhombise inkathi ezofika:

Uma <u>ubhekisisa</u> le nkulumo <u>uyabona</u> ukuthi ayilona iqiniso. (2)

3.1.2 Bhala igama eliphikisana naleli elithi **'iqiniso'** bese ulisebenzisa emshweni ozakhele wona. (2)

3.1.3 Esiqeshini esingenhla khipha **isihlanganiso esisodwa** bese uzakhela umusho wakho ngaso. (2)

3.1.4 Nciphisa igama elithi **'abantu'** bese usebenzisa leso sinciphiso emshweni ozakhele wona. (2)

3.1.5 Hlela la magama ngendlela efanele ukuze akhe umusho onomqondo:

**engaguquki banenkolelo abantu kalula** (2)

3.2 Sebenzisa **izivumelwano** ezifanele ukulungisa amagama kulesi siqeshana esilandelayo.

Umalaleveva (3.2.1) … yimbangela yokushona kwabantu e-Afrika. Amazwe (3.2.2) … ningi anenkinga yokuqeda omiyane (3.2.3) … bulalayo ukuze bangayi kwezinye izindawo. Omiyane banga (3.2.4) … bulala abantu uma bengabanakile. Ngakho-ke kubalulekile ukuthi abantu banakekele imizimba (3.2.5) … bo ingalunywa omiyane. (5)

**[15]**

## UMBUZO 4

4.1 Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo.

> Emhlanganweni ozobizwa yikhansela lendawo kuthiwa abesifazane bangawagqoki amabhulukwe ngoba lokho kwehlisa isithunzi samadoda. Phela amadoda awabe esazizwa ukuthi angamadoda uma wonke umuntu ngisho nowesifazane esegqoke ibhulukwe. Niyacelwa-ke bakwethu ukuthi niphelele nonke kulo mhlangano ngoba kuzobe kukhulunywa ngezokuphepha emakhaya ethu. Amaphoyisa acele ukuthi zingezi izigilamkhuba ngoba azozibopha. Kuthiwa-ke amaselula awafuneki ukuze kuvikeleke izinqumo ezizothathwa.

4.1.1 Igama elithi **'iselula'** libolekwe kuluphi ulimi? Bhala elinye igama lesiZulu esijwayele ukulisebenzisa. (2)

4.1.2 Bhala amagama akhombisa inkolelo engaguquki. (2)

4.1.3 Yimaphi amagama akhombisa ukuchema esiqeshini esingenhla. (2)

4.1.4 Yimuphi umusho noma amagama aveza ulimi oluncengayo. (2)

4.2 Funda lesi siqeshana bese ukhipha amagama **amahlanu** ahambisana negama elisesihlokweni elithi **'uboshelwe'**.

> **UBOSHELWE UKUBIZA UMHLANGANO**
>
> UMholi weqembu eliphikisayo uboshelwe icala lokuvukela umbuso. Amaphoyisa amathathu abephethe izibhamu avele ambopha amfaka ejele. Emva kwalokho watshelwa ukuthi uzovela enkantolo ngosuku olulandelayo. Kuyacaca ukuthi iMantshi izomgweba ngoba umphakathi usukhathele udlame oluba kule mihlangano engekho emthethweni.

(5)
**[13]**

**UMBUZO 5**

Funda lesi sikhangiso bese uphendula imibuzo elandelayo.



5.1 Kungani isihloko salesi sikhangiso esingenhla sibhalwe ngezinhlamvu ezinkulu futhi ezigqamile. (2)

5.2 Kungani igama elithi **'Mageu Number 1'** liphindwe kaningi kulesi sikhangiso? (2)

5.3 Bayibizelani ngo **Number 1** le Mageu? (2)

5.4 Oyowina umklomelo wesibili uyothola malini? Bhala leyo mali ngesiZulu. (2)

5.5 Chaza ukuthi kungani usuku lokuvalwa komncintiswano lubhalwe ngamagama amakhulu. (2)

5.6 Bazotholani labo abaphumelele kulo mncintiswano? (1)

5.7 Zingaki izinyanga eziphakathi kokuvalwa kwalo mncintiswano nokumenyezelwa komphumela? (1)
**[12]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**